Siyakwemukela kuleli bhukwana ngomkhankaso we-Green New Eskom (i-Eskom Entsha Eluhlaza). Umkhankaso yiprojekthi ye-Climate Justice Coalition – Okuyi-coalition yeNingizimu Afrika yezinhlangano zesizwe, izinhlangano ezitholakala emiphakathini, izinyunyane zabasebenzi kanye nezinhlangano eziqubuka emiphakathini. Lama metheriyali akhishwa yinhlangano ye 350Africa.org ngokusebenzisana ne-Climate Justice Coalition.

ENingizimu Afrika, siyazi ukuthi i-Eskom, okuyinhlangano kagesi (ye-elektrisithi), inezinkinga ezinkulu. Kodwa, sinombono wokuluyilungisa kanti umkhankaso uzosiza ukwenza ukuthi lombono wethu ubonakale usebenze. Umkhankaso we-Greeen New Eskom (i-Eskom Entsha Eluhlaza) uguqula i-Eskom ekusukeni kokuba umthwalo wesikweledu kanye nekhiqiza kakhulu ukungcola komoya kukhontinente, ukuze ibe yimpahla yesizwe kanye nefakela umfutho ekuletheni ubulungiswa. Ukuqinisekisa ukuthi siyaphumelela, leli bhukwana linenhloso yokuqwashisa kanye nokwenza ukuthi iningi labantu libambe iqhaza ekuqikeleleni kulelo kusasa.

**Inkinga:** Iziteshi ze-power zamalahle ezindala ze-Eskom futhi ezingathembekile nezingcolisa umoya nemvelo zenze ukuthi kube nama-blackout alandelelanayo, okusho ama-loadshedding noma ama-load reduction. I-Eskom icwile bishi kwinkohlakalo ngezimali, okwenze ukuthi ingene kakhulu ezikweledini, lokhu kwenyusa namanani entengo ye-elektrisithi, kanye nokuphuca isizwe izizumbulu zamagidigidi ezimali.

Bhekani i-Eskom kumanje-nje, ngeke wacabanga ukuthi ingaba yingxenye yesixazululo sezinkinga zethu, kunokuthi ibe yimbangela yazo. Kunzima ukucabanga nge-Eskom njengento engeyona inkinga ephathisa ikhanda, eyincitho enkulu kwizimali zentela zabakhokhintela, kanti futhi eyisisikazi esikhulu esisabisa izimpilo zethu, umnotho wethu kanye nemvelo.

**Isixazululo:** I-Eskom ingakwazi ukuba yinhlangano engcono. Inhlangano ehlinzeka nge-eneji ethembekile, ehlanzekile nefinyelelekayo ngenkokhelo. I-Eskom ewumqhubi wenguquko elungile, ukuze kube nekusasa le-eneji enobunikazi babantu futhi evuselelekayo, ehlinzeka imiphakathi ngamandla kanye nokuzuzisa imiphakathi, abasebenzi, amabhizinisi kanye nabo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

I-Green New Eskom (i-Eskom Entsha Eluhlaza), akuyona into nje engenzeka, kodwa futhi iyinto ebaluleke kakhulu. Ngeke sakwazi ukuqinisekisa ikusasa elisimamayo neliqhubekela phambili eNingizimu Afrika ngaphandle kokulungisa i-Eskom. Lokhu kungaba ngomunye umsebenzi omkhulukazi nobaluleke kakhulu ekubangeni iNingizimu Afrika engcono kubo bonke abantu.

**Umkhankaso:** Umkhankaso we-Green New Eskom (i-Eskom Entsha Eluhlaza), umemezela ukuthi kube nenguquko enobulungisa esheshayo ukuze ibe nobunikazi babantu kakhulu, i-eneji evuselelekayo yamandla, umnotho ongakhiphi ikhaboni, ukuhlinzeka nge-eneji ehlanzekile, ephephile nefinyelelekayo ngokukhokhelwa kubo bonke abantu, ngaphandle kokushiya abasebenzi noma imiphakathi ngaphandle ekwenziweni kwenguquko.

**Mayelana naleli bhukwana:** Leli bhukwana lichaza umbono nge-Eskom Entsha Eluhlaza kanye nokunikeza imininingwane ukuguqula i-Eskom. Libuye lihlinzeke ngezindlela zokwenza ukuthi wena ube yingxenye yentshukumo yokwakha i-Eskom Entsha Eluhlaza. Ungathatha nezinyathelo kwi-online kanye nokusayina ukuthola ulwazi lwakamuva kwi-GreenNewEskom.org

*Graphic Design & Layout by Janet Botes*

# Okungaphakathi

**Umbono wethu nge-Green New Eskom** 4

**Bamba iqhaza ukusiza ukunqoba i-Green New Eskom** 6

**Ukuguqula i-Eskom – Isibuyekezo esineminniningwane** 8

Irivolushini evuselelekayo 8

Inguquko Enobulungisa 10

Ukubhekana nenkohlakalo kwezezimali kanye Nokusebenzela Abantu 14

Ukwenza izimboni zenqubo eluhlaza eNingizimu Afrika 17

Ukuguqula Amasistimu Hhayi Ukuguqula Itlayimeti 18

**Ukuhlola Amaplani e-Eskom** 20

**Ikusasa le-DMRE le-Eneji Elimazayo** 22

Ukuqhubekela phambili ne-Loadshedding 22

Ukuphika ngeTlayimethi 23

Inguquko engenabulungiswa 23

Ukuba nenkani nge-Eneji 23

Inkohlakalo ye-Karpowership 24

Ukugqugquzelela Ikusasa le-Eneji enobulungiswa 25

Mayelana ne-Climate Justice Coalition kanye ne 350Africa.org 26

Uhla lwabasekeli bomkhankaso we-Green New Eskom 27

Imibuzo evamise ukubuzwa 28

Amareferense 30

# Umbono wethu nge-Green New Eskom

Umkhankaso we-Green New Eskom (i-Eskom Entsha Eluhlaza) kanye nombono wayo kwenziwa ngabe-Climate Justice Coalition, okuyi-coalition yezinhlangano zesizwe zaseNingizimu Afrika, izinhlangano eziqubuka emiphakathini, izinyunyane kanye nezinhlangano zemiphakathi. I-coalition isiphakamise izidingo ezilandelayo ezixhumene, ezichaza umbono wabo ngokuguqula i-Eskom kanye ne-sector ye-eneji eNingizimu Afrika

1. **Inguquko esheshisayo nenobulungisa** ukuze kube nobunikazi babantu kakhulu, i-eneji evuselelekayo yamandla, ehlinzeka nge-eneji ehlanzekile, ephephile nefinyelelekayo ngokukhokhelwa kubo bonke abantu, ngaphandle kokushiya abasebenzi noma imiphakathi ngaphandle ekwenziweni kwenguquko.

2. Ukufakela **iplani yenguquko enobulungisa**, etshala izimali ekuvikeleni abasebenzi nemiphakathi ekwisimo esibucayi ngenguquko ezoqeda ikusasa lekhabhoni. Ngeke sashiya abasebenzi kanye nemiphakathi ngaphandle kule nguquko. Kumele bavikelwe.

3. **Ukususa izihibe kwi-eneji evuselelekayo,** nokufakela iplani ehlangene eyaziwa ngokuthi yi-2019 Integrated Resources Plan, kanti futhi kwenziwe ushintsho ngokushesha ukufakela i-eneji evuselelekayo. Kumele sisheshisise inguquko ngokuhambisana nesabelo esilungile seNingizimu Afrika ukuze kugcinwe ukushisa ezingeni lika 1.5°C.

4. **Imigomo kanye nezikhuthazo ezizokwazi ukuthi ubunikazi be-eneji evuselelekayo** bubesezandleni zabantu, ukuze abasebenzi, imiphakathi kanye namabhizinisi amancane kanye nemindeni bakwazi ukuba nobunikazi kanye nokuzuza nge-eneji ehlanzekile. Ubulungisa ngobulili, inqubo engenabuhlanga, kanye nobulungiswa kwezomnotho kumele kube yimikhombandlela kule migomo.

5. Ukwenziwa kanye nokulandelwa **kwemigomo yokwenza izimboni zenqubo eluhlaza,** okuzokwenza ukuthi iNingizimu Afrika ikwazi ukukhiqiza i-eneji evuselelekayo kanye namakhomponenti ayo. Kumele kubonelelwe kuqala amarijini akwisimo esibucayi, ancike kakhulu kumahlahle kanye nokukhafula kakhulu ikhabhoni.[1]

6. **Ukunabisa igunya le-Eskom ukwenzela ukuthi ikwazi ukwakha ngokushesha i-eneji evuselelekayo** kanye nokuba nomthamo wokugcina i-eneji. Kumele batshale nezimali ezidingekayo ukunabisa kanye nokuthuthukisa i-grid – ezokwenza ukuthi ubunikazi be-eneji evuselelekayo bubesezandleni zabantu nge-eneji ezofakela kwi-grid.

7. **Ukuqeda imixhaso eyingozi nebuyisela emuva yamalahle, u-oyela kanye ne-fossil gas**, ebese izimali zifakelwa kwizidingo eziphuthumayo ezifana nezemfundo, unakekelo lwempilo, ufinyelelo kwi-eneji kanye ne-eneji evuselelekayo. Abakhokhi bentela ngeke belokhu bekhipha izimali zokuxhasa ukungcoliswa komoya nemvelo kanye nezimboni ezingenawo umnotho.

8. **Akungasakhiwa ezinye iziteshi zamalahle neze** – amanga odwa ukuthi **kunamalahle "ahlanzekile" angangcolisi umoya nemvelo.** Iziteshi zamalahle zeMedupi neKusile zilinganiselwa ukuthi zizodla izindleko zemali engu-R500bhiliyoni, kanti kuleli nani akukafakelwa amatheknoloji okuzihlanzekisa, kanti i-Eskom ithi lamatheknoloji abiza kakhulu.

9. Asifuni **i-fracking ye-gesi** ye-fossil neze. Kunokuba negesi yama-fossil engcolisa umoya nemvelo, amaplanti amasha egesi kumele abe nenhloso yokukhiqiza i-hydrogen ne-biogas evuselelekayo, engasiza ukubhalansa i-grid ukwenzela izinto ezivuselelwayo. INingizimu

Afrika kanye ne-Sasol kumele zibe ngabaholi ekukhiqizeni i-hydrogen eluhlaza.

10. **Ukukhiqizwa kakhulu kwamaphaneli e-solar;** izimoto ze-elektrisithi kanye nezingqalazizinda ezihambisana nalokhu; i-transit ye-elektrisithi eningi; amatheknoloji amabhethri kanye nokugcina; kanye nokwakha umthamo wekhono, ikhono lokusebenza kahle kwama-retrofits, ikakhulukazi izindlu zezindleko eziphansi; konke okunemigomo yokukhuthaza ukukhiqizwa kwezinto ezweni nasemiphakathini.

11. **Amakhono ezinga eliphezulu, imisebenzi, izinhlelo zoqeqesho** ukubanga amathuba emisebenzi kubantu baseNingizimu Afrika kumnotho we-eneji evuselelekayo kanye nokuvula Imisebenzi eyinkulungwane yeTlayimethi eyaziwa ngokuthi yi-One Million Climate Jobs. Ukuhlinzeka ngamandla kwabesimame nentsha kumele kube yingxenye ebalulekile yalolu hlelo.[2]

12. **Akunganyuswa ama-tariff njalo njalo,** lokhu okwenza ukuthi i-elektrisithi ibize kakhulu, kanye nokuxhasa inkohlakalo yezimali kanye namakontraki amalahle afakelwa izimali eziphezulu ngokweqile. Ngisho noma i-Eskom kumele ihlangabezane nezindleko zayo, abantu baseNingizimu Afrika akumele benziwe ukuthi bakhokhele inkohlakalo yezimali kanye nokuphangwa kwezimali okwenziwayo e-Eskom.

13. **Ukuhlela kabusha i-Eskom ukuze iqede inkohlakalo kwezezimali,** kanye nokuphungula inani lamamaneja amaningi nempatho embi. I-Eskom idinga ukwenza izakhiwo ezisebenza ngendlela esobala kanti futhi nezichaza imisebenzi yazo ngokufanele ukuqinisekisa ukuthi abantu babeka iso kokwenziwayo, ukuze kuqedwe umphango wezimali owenziwayo kanye nenkohlakalo kwezezimali.

14. **Ukucwaningwa kwawo wonke amakontraki e-eneji** ukuze kubuyiswe izimali ezikhokhwe ngokweqile – okubandakanya i-R14triliyoni ngamakontraki amalahle akhokhiswe izimali ngokweqile asayinwa ukusukela nge-loadshedding ka 2008. Kumele simemezele ukuthi isikweledu se-World Bank se-Medupi kumele sibonwe njengesinyanyisayo.[3]

15. **Ukunabisa ukufinyeleleka kwe-elektrisithi eyisisekelo nengakhokhelwa** ukuze imizi enengeniso elincane ikwazi ukuyithola kanye nokuqinisekisa ukuthi bonke abantu bakwazi ukufinyelela i-eneji ethembekile nefinyelelekayo ngenkokhelo. Kumele sivikele, hhayi ukukhipha abantu ekuxhumaniseken, kanye nokuqeda i-loadshedding, kuzakhamizi ezikwisimo esibucayi.

16. **Kumele siqinise imithetho yenqubo ku-Eskom naku-Sasol** ukwenza umoya ohlanzekile, kubekwe imikhawulo kumazinga okukhafula imisi, kanye nokuba nolwazi olusobala ngokukhafula kwemisi. Kumele siqinise imithetho yenqubo ukuqinisekisa ukuthi kuba nomoya ohlanzekile kubo bonke abantu, njengoba kubekiwe kwi-Deadly Air or Umoya Obulalayo Case.[4]

17. Yonke imiphakathi echaphezelekile ngamaprojekthi ezimayini ne-eneji kumele **inikeze izimvume zayo inolwazi ngokukhululeka ngaphambilini** futhi zihlonishwe nguhulumeni kanye nezinkampani ezinkulu. Izinga okumele lifakelwe kumthetho kanye nokuhlonishwa ngenqubo yokwenza.

18. Nangaphezu kwe-eneji enobulungiswa, nanjengoba kudingwa yizikhalazo zalabo abangabandakanyiwe, kanye ne-Climate Justice Coalition, iNingizimu Afrika idinga inqubo entsha eluhlaza eyaziwa ngokuthi **yi-radical Green New Deal,** eyenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika basebenzele ikusasa elinobulungiswa nelabantu bonke nelibonelela imvelo, kanye nokubhekana nezinkinga zethu zenqubo yokungalingani, ukusweleka kwemisebenzi, kanye nenhlupheko.[5]

# Bamba iqhaza ukusiza ukunqoba i-Eskom Entsha Eluhlaza eyaziwa nge-Green New Eskom

Ikusasa le-Eskom ngenye yezinto okuphikiswana ngazo kakhulu eNingizimu Afrika. Okwamanje leli kusasa lithunjwe yilabo abafuna ukugwimbela kwezabo izizumbuli zamabhiliyoni kanye nokuqhubeka nokuphanga, ukungcolisa umoya nemvelo kanye nokwenza inkohlakalo yezimali ngekusasa le-eneji. Ngenxa yalokhu, kuyothatha umsebenzi onzima hhayi nje amagama kuphela nezincwadi ezibhalwe ngobunono ukunqoba i-Green New Eskom. Sisemzabalazweni wamandla ngekusasa lezwe lethu, kanti futhi kuzomele sakhe intshukumo enamandla ngokwanele ukuqhubela phambili ushintsho olubonakalayo nezinguquko.

Abantu abavela emikhakheni ehlukene yempilo kuzodingeka ukuthi bahlangane ukunqoba i-Green New Eskom. Sethemba ukuthi uzojoyinana nathi ekuqikeleleni ukufuna i-Green New Eskom. Nazi ezinye izindlela zokubamba iqhaza.



**Sayina ukusekela:** Kwi-website yethu ye, GreenNewEskom.org, ungasayina ukusekela umkhankaso njengomuntu siqu oyedwa noma ungasekela umkhankaso njengenhlangano. Ngokwenza lokho, ufakela izwi lakho lokusekela, kanti futhi ungakhetha ukuthola ulwazi lwakamuva ngomkhankaso.

---



**Sabalalisa izwi:** Kumele sakhe intshukumo kanye nokwenza ukuthi sithole abantu abaningi abasekela i-Green New Eskom. Ukusiza ukusabalalisa izwi, ungabelana nabanye nge-WhatsApp, amanye ama-social media noma nge-email. Amalinki okusabalalisa izwi, atholakala e: GreenNewEskom.org.

---



**Khuluma ukhiphe uvo lwakho:** Yenza uphawu ngepeni lakho, ikhibhodi yakho kanye namagama akho. Bhalela noma ushayele kwabenyuziphepha yendawo, i-blog, kanye/noma isiteshi somsakazo ukuxoxa nge-Green New Eskom. Ukuzwakalisa izwi lakho kuyinto ebalulekile ukwakha usekelo kanye nokuqwashisa abantu ukuze sizuze ikusasa le-eneji enobulungisa.

**Zifundise wena kanye nabanye:** Ngabe ufuna ukufunda ngokuthi ngabe i-Green New Eskom isho ukuthini? Vakashela i-GreenNewEskom.org/learn. Lapho khona uzothola ama-flier, ibhukwana, ama-podcast, ama-atikili, kanye namametheriyali angakusiza ukuqondisisa ngezinto kangcono kanye nokusabalalisa izwi

---

**Joyina ukugqugquzelwa kweningi labantu:** Sisebenzela ukufinyelela isimo esiphephile nge-COVID, ukugqugquzelela iningi ngesikhathi sikaSeptemba 2021. Semukela amaqembu asekelayo kanye nabantu abajoyinayo, ukufundisa kanye nokugqugquzelela lokhu. Yamukela ulwazi lwakamuva lapho usayina ukusekela umkhankaso kwi: GreenNewEskom.org

---

**Xhumana nabenzi bezinqumo:** Sidinga abenzi bezinqumo kwi-Eskom kanye nohulumeni ukuthi bazi ngokuthi abantu basekela i-Green New Eskom. Kumele siqikelele ukubacindezela kakhulu kanye nokubadudula. Thola ulwazi ngokuthi ungaxhumana kanjani nabenzi bezinqumo bakho ku: GreenNewEskom.org/contact

---

**Gqugquzelela i-workshop:** Ngabe uyingxenye yenhlangano noma iqembu lomphakathi ofuna ukufunda okuningi nge-Green New Eskom? Ngakho-ke gqugquzelela i-workshop kwi-online nge-inthanethi noma ngobuso nobuso – inqaba nje uma isimo se-COVID sikuvumela lokho. Xhumana nathi uma udinga usekelo ngama-workshop.

---

**Ukubhikisha noma isinyathelo:** Amaqembu ayemukelwa ukuthi azigqugquzelele imibhikisho yawo, izinyathelo, noma izitolimende zobuciko ezisekela i-Green New Eskom. Ngisho noma lokhu kuqondiswe kwi-Eskom, uhulumeni noma ukwenza izenzo nezinyathelo ezibhekiswe kubantu, sikhuthaza ukuthi ubambe iqhaza.

---

**Ngabe umusha ekugqugquzeleni kanye nentshukumo yobushoshovu?** Ungafunda okuningi ngokugqugquzelela ama-workshop, ukubhalela abezindaba, ukugqugquzelela umbhikisho kanye noqeqesho kwi trainings.350.org

---

**Ngabe uneminye imibono ngokuthi singanqoba kanjani i-Green New Eskom noma ufuna ukuhlangana nathi?** Ngakho-ke sithumele umlayezo ngefomu lokuxhumana e: GreenNewEskom.org

# Ukuguqula i-Eskom

Isidingo esikhulu ngomkhakhaso we-Green New Eskom ukusheshisisa inguquko enobulungisa yokuthi abantu babenobunikazi be-eneji evuselelekayo ezovuthela amandla omnotho, ngokuhlinzeka nge-eneji ehlanzekile, ephephile, nefinyelelekayo ngenkokhelo kubo bonke abantu, kungabi bikho abasebenzi kanye nomphakathi oshiyeka ngaphandle kwinguquko.

Ukuguqula isistimu ye-eneji, kumele siguqule i-Eskom – okuyiyona yodwa ehlinzeka nge-eneji, kanti futhi okuyiyona engcolisa kakhulu umoya nemvelo kwikhontinente yonke ye-Afrika, kanti futhi eyenze umonakalo kakhulu nge-load-shedding kanye nezizimbulu zamabhiliyoni ezikweledu enazo.

Ukusindisa i-Eskom, sidinga ushintsho kakhulu olubandakanya ukulwa nenkohlakalo kwezezimali, ukuqinisekisa ukufinyelela kwi-eneji kubo bonke abantu kanye nokuhlela kabusha i-Eskom ukuqinisekisa ukuthi yenza imisebenzi yayo ngokuchaza ekwenzayo kanye nokusebenza ngendlela esobala. Enye yezinyathelo ezisemqoka, ukuthi i-Eskom igudluke ekusebenziseni amalahle angcolisa umoya nemvelo kanti futhi abiza kakhulu ngokwezimali kanti awathembekile.

## IRIVOLUSHINI EVUSELELEKAYO

I-eneji yamalahle ibulala abantu bakithi ngokungcolisa umoya, amanzi kanye nomhlabathi, kanye nemiphumela emibi kakhulu ngoshintsho lwetlayimethi. Amaplanti angasebenzi ngokuthembekile abangela i-loadshedding, kanti nenkohlakalo ngokwezimali yenza ukuthi amakontraki amalahle abize kakhulu kanti futhi yikho lokhu okubangela izindleko ze-eneji zibe phezulu kakhulu nokufakela i-Eskom obishini lwezikweledu.

Izindaba ezimnandi wukuthi inguquko elungile ingenza ukuthi sigudluke ekunciкeni kakhulu ekusebenziseni amalahle. Ikusasa le-eneji evuselelekayo akuyona nje into engenzeka kodwa futhi yinto ye-eneji yekusasa engcono kakhulu kumikhakha eminingi. Ucwaningo oluningi olwenziwe kanye nemibiko kukhombisa ukuthi inguquko yokuya kwi-eneji evuselelekayo kungenza okulandelayo:[6]


- *Ukuphungula izindleko ze-eneji kakhulu.*
- *Ukonga amabhiliyoni amalitha amanzi ngonyaka – lokhu ukonga kakhulu ezweni eliswele amanzi kanye nelihlushwa yizomiso.*
- *Ukuba yindlela engcono kakhulu ukufakela i-eneji ekusebenzeni, ukuqeda i-loadshedding, kanye nokufinyelelisa i-eneji kulabo abangenayo.*
- *Ukwenza i-eneji yethu ibe ngetholakala ngokuthembekile.*
- *Ukususa into enkulu engumthombo nembangele yokungcoliswa komoya nemvelo.*
- *Ukubanga imisebenzi eminingi uma kuqhathaniswa namalahle, igesi kanye ne-nuclear.*


# Izinga elehlayo lezindleko ze-eneji evuselelekayo

**I-eneji evuselelekayo manje isiyi-eneji efinyelelekayo kakhulu ngenkokhelo, kanti futhi izindleko zayo ziyaqhubeka nokwehla**

**Inani lentengo ye-elektrisithi yelanga (ye-solar) lehle ngo 89% eminyakeni engu 10 eyedlule.**

**Inani lentengo ye-elektrisithi yomoya lehle ngo 70% eminyakeni engu 10 eyedlule.**




## Inani le-elektrisithi yamaplanti amasha e-eneji

Inani lentengo ye-elektrisithi lichazwa nge-'levelized costs of energy' (LCOE). LCOE libandakanya izindleko zokwakha iplanti ye-eneji kanye nezindleko eziqhubekayo zefyuweli kanye nezindleko zokunakekela iplanti ye-eneji empilweni yayo yonke

Usuku: Lazard Levelized Cost of Energy Analysis. Version 13.0
Omthombo okufundwe kuwo: OurWorldinData.org

Ukubona isivinini i-eneji evuselelekayo engaxazulula ngayo izinkinga zethu ze-eneji, singabheka ezweni lase-Vietnam, abakha amaplanti e-solar alingana iziteshe zamalahla eziyisithupha ngonyaka ka 2020 wodwa nje vo. Ubufakazi buphakamisa ukuthi iNingizimu Afrika nayo ingakwazi ukuguqula lesi simo somkhakha we-eneji ngokushesha uma singafakela imigomo esekela i-renewable energy.

Ngokufakela i-eneji evuselelekayo ukuhlinzeka ngomthombo we-eneji efinyelelekayo ngenkokhelo kanye nehlanzekile, sidinga ukushintshela kwi-eneji evuselelekayo ngokushesha. Lokhu kusheshisa kangcono kunokuzama ukuxazulula izinkinga ze-eneji esinazo manje, kanti futhi kumele sithathe izinyathelo ngokushintsha kwetlayimethi ngesivinini esishiwo ngososayense manje.




# Inguquko Enobulungisa

Lapho sizoshintshela kwi-eneji evuselelekayo, kumele siqinisekise ukuthi le nguguko ayisheshisi nje kuphela, kodwa kumele kube yinguquko enobulungiswa. Kumele sivikele abasebenzi kanye nokutshala izimali kubasebenzi kanye nemiphakathi encike kumalahle kanye namasektha asebenzisa kakhulu ikhabhoni, ukuze bakwazi ukuziphilisa. Ngeke bashiywa ngemuva kwinguquko. INingizimu Afrika ifakela imixhaso yezizumbulu zamabhiliyoni ezimali ekuxhaseni amalahle angcolisa umoya nemvelo kanye nangenawo umnotho. Kungangcono ukuthi kulandelwe izibonelo zamazwe afana ne-Spain adlulisela imixhaso yotshalomali lwawo kunguquko elungile nenobulungisa ngokusebenzisana nezinyunyane kanye nemiphakathi. [8]

Izinyunyane, abasebenzi nemiphakathi kuyo yonke iNingizimu Afrika bamemezela inguquko elungile nenobulungisa ukuya kwikusasa le-eneji evuselelekayo nobunikazi bayo obusezandleni zabantu, ne-eneji enekusasa iminyaka eminingi ezayo.[9] Bamemezela ukwakhiwa kwemisebenzi eyinkulungwane ngokwaziwa nge-One Million Climate Jobs ukuze i-Eskom iguquke.

Kodwa, ngisho noma amanye amazwe eqhubekela phambili ngamaplani enguquko elungile nenobulungisa, iNingizimu Afrika ayinayo iplani, konke lokhu ngenxa kahulumeni ongathathi izinyathelo. Kumele sisheshe sibheka nalokhu kusweleka kobulungisa, uma kungenjalo abasebenzi nemiphakathi bazoba sengozini yokushiyeka ngemuva lapho kwenziwa izinguquko.

Inguquko elungile iqinisekisa ukuthi abasebenzi babayingxenye yomnotho omusha ngokuthola uqeqesho olufanele kanye nezinye izindlela zokubavikela kanye nokubafakela emisebenzini emisha. Lokhu kusho futhi nokuthi sipholisa umhlaba owonakele ngokungcoliswa komoya nemvelo, lokhu okungabanga imisebenzi eminingi kanye nempilo enesithunzi kulabo abahlala nokusebenza emihlabeni.

Inguquko elungile nenobulungisa, akuyona nje into evikela labo abathinteke kabi ngokwenzekayo. Inguquko elungile nenobulungisa ibuye iguqule namasistimu ethu e-eneji ukuqinisekisa ukuthi aba ngamasistimu alungile anobulungisa nanenqubo yokulingana.[10] Kumele kube yinjini yezinguquko ezinkulu ukusiza ukulingisa umonakalo wezinto ezishiywe yinqubo yokungalingani, inhlupheko kanye nokusweleka kobulungisa. Kumele iholelwe ubulungiswa kwezenhlalisano yabantu, ukungabi




nabandlululo ngokwebala, ukulungisa imvelo, ubulungiswa kwezobulili kanye nakumnotho.

Kunokuthi kwenziwe i-privatisation ngokunabile kwe-eneji, okwenziwa zinkampani ezinkulu, kumele kube nekusasa le-eneji evuselelekayo ubunikazi bayo obusezandleni zabantu, imisebenzi, ubunikazi be-eneji ezandleni zabantu kanye nokwenza ukuthi i-eneji ifinyeleleke kuwo wonke umuntu.

I-Eskom idinga ukudlala indima ebalulekile ekuqinisekiseni ushintsho nenguquko elungile ukuya kwi-eneji evuselelekayo. Lokhu akusho ukuthi yiyo yodwa ekhiqiza i-eneji, kodwa kusho ukuthi idlala indima ebalulekile ekukhiqizeni, ekwabeni kanye nasekuhambiseni i-eneji evuselelekayo.



# i-ESKOM Entsha Eluhlaza


I-Eskom eguqukile ingaba yinjini yerivolushini ye-eneji evuselelekayo, lapho khona imizi, izinkampani, imiphakathi, omasipala kanye ne-Eskom besebenzisana bonke ukukhiqiza i-eneji evuselelelayo, ethembekile ngokutholakala, kanye nefinyelelekayo ngenkokhelo.



Ukutshala izimali kwi-smart grid kungasiza ukuqinisekisa ukuthi i-eneji evuselelekayo iletha i-elektrisithi ethembekile ngokutholakala kanti futhi efinyelelekayo ngenkokhelo emiphakathini kuyo yonke iNingizimu Afrika.

Kuyo yonke iNingizimu Afrika, imizi, imiphakathi kanye namabhizinisi bangazuza kwi-eneji ubunikazi bawo obusezandleni zabantu kanye namaprojekthi e-eneji eqhutshwa kahle ngokongayo, ukubanga imisebenzi kanye nokwenza imali kanye nokonga imali.

Amabhethri kanye nezinye izixazululo zokugcina i-eneji, ezifana ne-pumped hydro, kungenza ukuthi kube nendlela efinyelelekayo ngenkokhelo ukugcina umthamo we-eneji kanye nokuqinisekisa ukuthi sihlala njalo sine-eneji efinyelelekayo kuwonke.




Ngakho-ke ikusasa le-eneji evuselelekayo lizoletha imisebenzi eminingi kanye nezinzuzo eNingizimu Afrika, imigomo yezimboni zenqubo entsha eluhlaza izoqinisekisa ukuthi siziqhenya ngemikhiqizo yezinto ezivuselelekayo kanye nezidingekayo ezweni.



Ukuguqula i-eneji yethu kanye nomnotho ukuba ngosezandleni zabantu futhi ukuhlonipha nokuphilisana nemvelo ngokulungile ngenye yamathuba amakhulu emisebenzi. Amakholishi, izikhungo zoqeqesho kanye nezinhlelo zemisebenzi kungavulela izigidi zabantu imisebenzi enesithunzi kanye nokubanga ikusasa elingcono kubo bonke abantu.



Okubaluleke kakhulu kwinguquko elungile nenobulungisa, ukuqinisekisa ukuthi singashiyi muntu emuva. Lokhu kusho ukuthi kumele siqeqeshe abasebenzi kabusha kanye nokunikeza amathuba emisebenzi kubasebenzi nemiphakathi esesimweni esibucayi kumasektha amalahle



I-Eskom kuzodingeka ukuthi ivale iziteshi eziningi ze-power ezindala, ukunikeza amathuba okuqala impilo kabusha. Singahlinzeka ngemisebenzi emiphakathini nakubasebenzi ukwenza izinhlelo ezintsha zamaplanti akudala kwi-eneji evuselelekayo, ukubuyisela umhlaba esimeni esihle, kanye nokutshala izimali kwiminotho ehlukile kulezi zindawo.

# UKULWA NENKOHLAKALO KWEZEZIMALI KANYE NOKUSEBENZELA ABANTU


INingizimu Afrika ihlala njalo ibekwa icala ngenxa yezikweledu ze-Eskom, ngoba abanye omasipala bayehluleka ukukhokhela i-Eskom. Kodwa, okuyiqiniso, wukuthi izikweledu ezinkulu ze-Eskom zibangelwa yinkohlakalo kwezezimali, ukuphatha kabi, kanye nokuqikelela ukusebenzisa amalahle abiza kakhulu kunokusebenzisa i-eneji evuselelekayo engabizi kakhulu ngokwezimali.

Bheka nje, ngenxa yenkohlakalo kwezezimali ukuthatha kade, kweKusile neMedupi, okungamaplanti ethu amasha asanda kwakhiwa amalahle, kubangele iNingizimu Afrika izindleko ezilinganiselwa ku-R500bhiliyoni, okuyinani lezindleko eliphezulu kakhulu kunalelo elalilinganiselwe ekuqaleni lika-R80bhiliyoni.[11] Kanti futhi ngesikhathi se-loadshedding yango 2008, uphenyisiso lwakhombisa ukuthi i-Eskom isayinele amathenda angu-R14triliyoni, ngendlela engekho emthethweni, futhi lokhu kwafakelwa izimali ezingaphezulu ngokweqile kulamathenda.


Lawo mathriliyoni amarandi achitheke ngenkohlakalo kwezezimali, angaphezulu kwezikweledu ezikweledwa ngomasipala ezingu-R50bhiliyoni. Nangaphezu kwalokho, izikweledu eziningi zomasipala, zivela nasekungakhokhelweni kwezindleko ze-elektrisithi ngabantu komasipala, ngoba abantu abakhoni ukukhokha izindleko ezenyuke ngo-400%, ngenxa yenkohlakalo kwezezimali kanye nempatho embi.[12]



# Ukuqondisisa kahle ngezikweledu ze-Eskom




Izindleko ezingekho emthethweni kanye namathenda amasaplayi afakelwe izimali eziphezulu ngokweqile asayinwa ngemuva kwe-loadshedding ka 2008. Ngokuya kombiko ka 2019 we-Special Investigative Unit kungenzeka i-loadshedding ka 2008 yenziwa ngamabomu ngabasebenzi bakwa-Eskom, abaziba izexywayiso ezaphindeka kaninginiko ngokuthi isitokwe samalahle siyehla kakhulu. Umbiko ukuthi lesi simo esiphuthumayo "senziwa ngamabomu" ukuze sisetshenziselwe ukusayina ikontraki eyayifakelwe izimali zentengo zamakontraki eziphezulu ngokweqile, zika-R14thriliyoni.




Kunokubeka icala kubantu baseNingizimu Afrika abanengeniso eliphansi kakhulu ngokuhluleka kwe-Eskom, kumele siguqule i-Eskom kanye nokuqinisekisa ukuthi ikwazi ukuhlinzeka bonke abantu nge-eneji evuselelekayo nefinyelelekayo ngenkokhelo. Abantu abahluphekile baseNingizimu Afrika, abayona imbangela yalokhu kodwa bangamaxhoba enkohlakalo yezimali ye-Eskom kanye namanani entengo ye-elektrisithi eyenyuke kakhulu.

Kunokucishela izakhamuzi zabantu abahluphekile nabakwisimo esibucayi i-elektrisithi, nokubashiya besebumnyameni, kumele siqinisekise ukuthi sine-eneji efinyeleleka ngokwanele kubantu. Lokhu kubandakanya ukunabisa ukufinyelela kwe-eneji kulabo abangenayo, kanye nokwengeza inani lemixhaso ye-elektrisithi yamahhala yesisekelo kanye nokuqinisekisa ukuthi ifinyelela kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika abanengeniso eliphansi. Ucwaningo lukhombisa ukuthi imixhaso yokuhlangabezana nezidingo zokuqala ezisemqoka zabantu ayenele, kanti futhi le mixhaso ayifinyeleli kuzigidi zemizi ehluphekile okufanele bayithole.[13]

Ukubhoncula inkohlakalo kwezezimali yinto esemqoka kakhulu ekuguquleni i-Eskom. I-Eskom kumele yenziwe ucwaningo ulunzulu lwawo wonke amakontraki ukugudlulela eceleni onke ama-deal ezinkohlakalo nafakelwe izimali eziphezulu ngokweqile, kanye nokuqeda inqubo yencithakalo. Ukugwema inkohlakalo yezimali, i-Eskom kumele ihlelwe kabusha ukuqinisekisa ukuthi isebenza ngendlela esobala nechaza imisebenzi yayo.

I-Eskom egugukile ingasuka ekubeni wumthwalo, iye ekubeni yifa likazwelonke. Lokhu kungabonakala kuwumqondo nje, kodwa ezinye izinguquko zalolu hlobo zenzekile ngesikhathi esedlule. Inkohlakalo kwezezimali, impatho embi, izinhlangano ezinezikweledu kakhulu ngokweqile, ziguquliwe kumazwe omhlaba. Nathi singakwenza lokho futhi kumele sikwenze nakanjani.




# UKWENZA IZIMBONI ZASENINGIZIMU AFRIKA EZISEBENZA NGENQUBO ELUHLAZA

I-Green New Eskom ingaphinde ibe ngumqhubi wokwenza izimboni zenqubo eluhlaza nokubanga imisebenzi eyizinkulungwane. Umgomo kahulumeni ne-Eskom ungaqinisekisa ukuthi imiphakathi yethu, amabhizinisi kanye namafektri kungaholela ekwenziweni nasekuthuthukisweni kwezimboni zenqubo eluhlaza kanye nokwakha i-eneji evuselelekayo ezweni.

Nangaphezu kokukhiqizwa kwezinto ezweni kanye nokwakha imikhiqizo, kudingeka senze amaphaneli elanga amaningi; izimoto ezihamba nge-elektrisithi kanye nengqalasizinda yokushaja amabhethri; ngokufinyelelekayo ngentengo; ukufakela kakhulu i-elektrisithi ezindaweni; ama-smart grid; amabhethri kanye namatheknoloji okumumatha i-eneji; ukwakha ama-retrofit asebenza kahle ngokondlayo, ikakhulukazi emindeni yengeniso eliphansi.

Ukuqikelela ukuthi abantu baseNingizimu Afrika babayingxenye yokwenza izimboni zenqubo entsha eluhlaza, kudingeka sitshale izimali kumakhono kanye nezinhlelo zoqeqesho ukuthuthukisa amakhono abantu bakithi. Kumele sifakele nezinhlelo zemisebenzi, ukuqinisekisa ukuthi abantu babanemisebenzi yesithunzi nehloniphekile ngesikhathi sezinguquko.

Abesimame kanye nentsha babaluleke kakhulu kuleli kusasa. Kumele siqikelele ukuthi inqubo yobulungisa kwezobulili iba ngebalulekile kulokhu kanye nokuhlinzeka abantu abasha ngamathuba. Kumele sibeke phambili nokuthi sakha amakhono kubantu abakwisimo esibucayi ezindaweni zamarijini amalahle, abantu abathola ingeniso eliphansi, abantu abangenawo amakhono, abantu abaswele imisebenzi kanye nabantu basezindaweni zasemakhaya.

Ukwenza izimboni zenqubo entsha eluhlaza, kungayinto esemqoka kakhulu yokwakha ikusasa elilungile nelinobulungiswa elibonelela nokunakekela imvelo, lapho khona sizofakela abantu abaningi emisebenzini ebonisa ukuxhumana ngokusebenzisana kwabantu, umnotho, i-eneji kanye nokulungisa umonakalo kwimvelo. I-Green New Eskom, ingaba ngumqhubi wezinguquko.

# Ukushintsha amasisistimu hhayi ukuguquka kweTlayimeti

Isayensi ibonisa ukuthi sesivele sibhekane nengozi yokushintsha kwetlayimethi, ngenxa yokungcoliswa komoya nemvelo, okubangelwa ukushisa amalahle, u-oyela kanye negesi. Abe-UN Intergovernmental Panel on Climate Change (IPCC) baxwayisa ngokuthi kumele sithathe izinyathelo masishane ukugwema ukubangeka kokushisa okungaphezulu kwezinga lika-1.5°C, ngaphezulu kwezinga lapho kungakabi nezimboni khona.[14]

Uma sizokwazi ukugwema eminye yemiphumela emibi kakhulu yokushintsha kwetlayimethi, abe-IPCC bakhombisa ukuthi kumele siguqule imiphakathi yethu ngokushesha. Ngonyaka ka 2030 kuyodingeka ukuthi siphungule ukungcoliswa komoya nemvelo ngezinga elinguhafu kunalokhu okuyikho manje. Ngo 2050, noma ngaphambi kwalesi sikhathi, kuyomele ukuthi izimboni zingasakhafuli imimusi eziyikhafulayo manje - lokhu kuyomele zikwenze ngokuphungula ukukhafula kwemimusi emoyeni ngokuthi kutshalwe amahlathi kanye nokwenza ulimo oluvuselelayo.

I-Eskom njengomngcolisi omkhulu wetlayimethi kwikhontinente ye-Afrika, kumele iguquke, ukuze iqhube i-eneji evuselelekayo ngokushesha. Ukwenze njalo, kuyohlinzeka nge-elektrisithi engenayo ikhabhoni ukusiza ukwehlisa izinga lekhabhoni kwamanye ama-sector afana nezinto zokuthutha nokugibela kanye nezimboni. I-Eskom ingakwazi kanti futhi kumele nakanjani igudluke ekubeni ngumngcolisi ngekhabhoni, iye ekubeni yi-injini yemnotho onabile ongenayo ikhabhoni eNingizimu Afrika.


Kanti futhi ososayense betlayimethi bathi kumele siguqule inqubo yokwenza izinto, kanti futhi ukungalingani eNingizimu Afrika kubonisa khona ukuthi kumele siguqule izinqubo zethu. Njengelinye lamazwe anenqubo yokungalingani okukhulu emhlabeni, sinegebe elikhulu lokungalingani, inhlupheko, kanye nokusweleka kwemisebenzi. Izinguquko ezidingekayo ukubhekana nezinkinga zetlayimethi, zingakwazi futhi kumele nakanjani zibe ngumqhubi walezo zinguquko ezidingekayo eNingizimu Afrika.

Lezi zinguquko yithuba elikhulu kithi ukulungisa umonakalo owashiywa yinqubo yombuso wobandlululo, kanye nemodeli yomnotho olimazayo, oncike kakhulu ekungcolisweni komoya nemvelo, kanye nokumbiwa kwamaminerali ne-eneji. Kunalokho, kumele sakhe umnotho wenqubo elungile nonobulungiswa, obandakanya bonke abantu kanye nomnotho okwazi ukuqhubekela phambili ngaphandle komonakalo kanti futhi osebenzela bonke abantu.

Leli yithuba eliikhulukazi leNingizimu Afrika kwizinguquko ezidingeka kakhulu. Kodwa, kunokwengamela ushintsho, sikhiyelwa kwinqubo yakudala efeyilile, yilabo ekudala bebhekane nayo, abafuna ukuqhubeka nokungcoliswa komoya nemvelo kanye nomnotho omi ndawonye nongathuthuki, kunokuthi senze inqubo yobuqambi bezinto ezintsha ukwenza amathuba emisebenzi kanye nenguquko.

## INGUQUKO EDINGEKAYO

Ukuphungula Ukufudumala Komhlaba ngo 1.5°C Kuzodinga ukuthi izinqubo zethu ziphungule ukukhafula imimusi emibi (Will Require Deep Emission Cuts)




"PROFOUND SOCIOECONOMIC TRANSFORMATION – THIS IS THE ONLY WAY TO GET TO ACHIEVE A ZERO-CARBON WORLD"

UZwelinzima Vavi - Unobhala-Jikelele we-SAFTU

# Ukuhlola Amaplani e-Eskom

I-Eskom iyakuqonda ukuthi kumele iguquke kanye nokwengamela inguquko elungile ukuya kwi-eneji evuselelekayo. Ihlela ukwenza inguquko ngobuholi bayo behhovisi le-Just Energy Transition, asebebhale amaplani okuguqukela kwi-eneji elungile nenobulungiswa nathi.

Kukhona izinto ezimbalwa ezinhle ngamaplani e-Eskom, ahambisana nezidingo zethu zomkhankaso we-Green New Eskom. Ezinye zalezi zinto ezinhle zibandakanya okulandelayo:

- Ukuguqula amaplanti akudala ukuthi asebenze nge-eneji evuselelekayo
- Ukusebenza ngokulandela amaplani okusebenzisana nabantu kwezomnotho kanye nokuhlinzeka ngamakhono amasha kuma-lab njengengxenye yenguquko yobulungisa ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi kanye nabasebenzi bayasimama futhi abashiywa ngemuva
- Ukusungula ama-microgrid avuselelekayo emiphakathini engafinyeleli kwi-eneji
- Ukuphungula ukukhafulwa kwemimusi engcolisayo kanye nokuthuthukisa iqophelo lomoya
- Ukutshala izimali kwinqubo yemithamo yokugcina i-eneji kanye nama-smart grid
- Ukufakela kakhulu izimali kwi-eneji evuselelekayo
- Ukusebenza ngezindlela zokuqinisekisa ukukhiqhizwa kwe-eneji evuselelekayo
- Ukubheka izindlela zokuthola izimali zokwenza inguquko enobulungiswa kwi-eneji kanye nokuzinzisa isimo sezimali se-Eskom
- Ukunikeza ithuba kumabhizinisi amancane okwenza i-eneji evuselelekayo
- Ukuhlola izindlela zokukwenza i-green hydrogen, ngokusebenzisa i-eneji evuselelekayo ukukhiqiza i-hydrogen

Ukuthi ubuholi be-Eskom sebuqalile ukwengamela inguquko enobulungisa kumele kunconywe, ikakhulukazi ngoba kunabanye ngaphakathi kuhulumeni kanye ne-Eskom abalwisana nalezi zinguquko. Kanti ngakolunye uhlangothi, nazi izinto ezimbalwa ezisakhathazayo kanye/noma esingavumelani nazo:

- Inkinga ikumininingwane – uma sibheka amaphuzu amabhulethi, iplani ye-Eskom ibukeka iyinhle. Kodwa, kudingeka sibone imininingwane yeplani ukuze siyihlole kahle.
- Izinga le-privatisation – siyakhathazeka ngokuthi inqubo yokuya kwi-eneji evuselelekayo ingaba nezinga eliphezulu le-privatisation. Ngakho-ke siyaphinda simemezela ukuthi ikusasa le-eneji evuselelekayo kumele libe sezandleni zabantu.
- Inqubo yokwenza – i-eneji enobulungiswa ingaphazamiseka ekwenzeni, ikakhulukazi ngenxa yesimo se-Eskom. I-Eskom kumele iqinisekise inqubo yokwenza enhle.
- Inguquko Yobulungisa? – i-Eskom izibophelele kwinguquko yobulungisa ngokwenhloso. Kodwa ukuthi le nhloso iyofezeka ngempela siyokubona ngokwenzeka. Kumele kube yinguquko yobulungisa ngokulandela inqubo yobulungisa ekwenzeni, ukuqinisekisa ukuthi ibonisana nabantu abafanele ababambe iqhaza kanye nokubabandakanya. Kanti futhi kumele ibe yinqubo yobulungisa ngokuqinisekisa ukuthi kuba nobulungisa ngempela kubo bonke abathintekayo.
- Ukutholakala kwezimali – kuyinto enhle ukuthi i-Eskom ifunana nezindlela zokuthola imali ukusiza kwinguquko yobulungisa. Kodwa, siyakhathazeka ngokuthi abaxhasi bezimali bamazwe omhlaba, bangaqikelela inqubo elimazayo ngokufakela izihibe zokusetshenziswa kwemali, kunokuthi bavumele inqubo yenguquko yobulungisa isebenze kahle.[15] Noma yiziphi izindlela zokuthola imali, kumele kube ngezenqubo enhle.
- Ukugxambukela kwabezepolitiki – siyakhathazeka ngokuthi inguquko yobulungiswa ingaphazanyiswa yilabo abanezinhloso ezimbi. Isihibe esikhulu kakhulu, njengoba isigaba esilandelayo sichaza, ngabomnyango we-DMRE.
- Impokokhelo – i-Eskom ihlose ukufinyelela i-net zero ngo 2050. Sikubona lokhu kungenele, kanti futhi kungokwezinga eliphansi ngezizathu ezimbalwa, esizozichaza lapha ngezansi.


# IMPOKOKHELO ENGENELE

I-net zero ka 2050 isho ukuthi ngo-2050 i-Eskom isahlose ukukhafula imimusi engcolisa umoya kakhulu kunokuyiphungula. I-Eskom iphakamisa ukuthi ihlose ukwenza lokhu ngokuqhubeka ukushisa amalahle ukwedlula esikhathini sika 2050, kanye nokuthenga amakhabhoni ukubhalansa ukukhafula kwayo imimusi kanye nokuyiphungula ngokwenza amaprojekthi okutshala izihlahla kanye nokumunca ikhabhoni.

I-net zero ka 2050 kwi-Eskom iphansi kakhulu. Uma lonke izwe lizokwazi ukuphungula ukufinyelela i-zero ngo 2050 eNingizimu Afrika ukuze idlale indima efanele ukugcina ukufudumala komhlaba kuku-1.5°C, ngakhoke, umkhakha we-elektrisithi kumele ugququke kakhulu ngaphambi kwalesi sikhathi.[16] I-elektrisithi kumele ibe ngumqhubi wokuphungula ikhabhoni nakwamanye ama-sector afana nezinto zokuthutha nokugibela kanye nasezimbonini. Akumele incike ekushintshisaneni ngamakhabhoni ukufinyelela u-zero.

Izinkinga zetlayimethi zikhona ngempela kumanje nje. Kumele senze ushintsho ngokushesha futhi ngendlela elungile. Singaqhubeki nokungcolisa umoya nemvelo eminye iminyaka engu 30. Ukubambezeleka ukwenza lokhu, kusifaka kakhulu obishini lwezinkinga zetlayimethi; noma umoya, umhlabathi, kaye nokungcoliswa komoya ngokuncika kakhulu emalahleni kanye nezimbiwa zamafyuweli angaphansi komhlaba zama-fossil fuel.

## Ukufunda kwi-Orsted's rapid shift ukuya kwi-eneji evuselelekayo




Ukubheka ezinye izinhlangano ezinobunikazi bukahulumeni, sibona ukuthi ushintsho lungenzeka masishane. Ake sibheke inhlangano yobunikazi bakahulumeni eDenmark, ye-Orsted. Ezifana ne-Eskom okwamanje, kunyaka ka 2006, i-Orsted yayincike kakhulu kumafyuweli ama-fossil e-eneji ngezinga lika 80% Kodwa, ngokuzimisela kwabaholi, kwathi ngo 2019 i-eneji ye-Orsted ibisikhiqiza i-eneji evuselelekayo ngo 90%. Manje sebehlose izinga lika 99% ngonyaka ka 2025.[17]

I-Orsted yenza izinguquko zayo ngaphambi kokuba kwehle kakhulu izindleko ze-eneji evuselelekayo, manje lokhu osokwenza ukuthi ibe ne-eneji yezindleko eziphansi kakhulu makuqhathaniswa nawo wonke umhlaba. Ngakho-ke i-Eskom ingakwazi futhi kumele ikwazi ukusheshisa njengenhlangano ye-Orsted. Lokhu kusho ukufinyelela i-eneji evuselelekayo ngo 100% ngaphambi kukanyaka ka 2040, ungakafiki unyaka ka 2050. Abantu bakithi abasha yibo abezwa umphumela wokushintsha kwetlayimethi kakhulu kanti futhi bafuna ukuthi kuphungulwe lokhu ngo 100% ngonyaka ka 2030.[18]

I-Economic analysis ikhombisa ukuthi ngonyaka ka 2030 noma ngaphambili kwawo, ukwakha nokusebenza nge-eneji yomoya noma yelanga kuyoba zindleko eziphansi kakhulu kunokuqhubeka nokusebenzisa amaplanti amalahle.[19] Ngakho-ke, kunokuqhubeka ukufakela izimali zemixhaso kumalahle angenawo umnotho, kungcono ukuwavala masishane ukusindiza izimpilo kanye nokonga imali. Leyo mali ingatshalwa kwinguquko yobulungisa, kubasebenzi bamalahle, noma kwezinye izindawo ezifana nemfundo kanye nonakekelo lwempilo.

Ngakho-ke i-Eskom kumele kusheshe yenze izinguquko ngokushesha ngenxa yetlayimethi kanye nemvelo. Kumele futhi senze lokho ukwenzela ukuthi umnotho usebenze kangcono, ukuphungula amanani entengo ye-eneji; ukubanga amathuba emisebenzi eqhamuka nenguquko ye-eneji evuselelekayo. Sidinga inguquko elungile nesheshisayo, hhayi ehamba ngesivinini esiphansi kanye nengabonisi impokophelo enkulu.

# Ikusasa le-Eneji ye-DMRE Elimazayo

Ukwakha i-Green New Eskom, i-Eskom kwasayona kumele iguqulwe. Kodwa inkinga nesihibe esikhulu ekushintsheni, akuyona i-Eskom ngokwayo. Kunalokho, ngaboMnyango Wemithombo Yamanineral ne-Eneji, abe-DMRE, ngaphansi kobuholi bukaNgqongqoshe uGwede Mantashe.


I-DMRE iqhubekela phambili ngokusunduza ukuqhubeka kwe-ajenda yenqubo engalungile, engenalo ikusasa, futhi eyisisikazi somnotho, imisebenzi, umhlaba wethu, izimpilo zethu kanye nokusikaza ukufinyelela i-eneji efinyelelekayo kuwonke, etholakala ngokuthembekile, ephephile, kanye nefinyelelekayo ngentengo, itlayimethi, imvelo yethu, kanye nekusasa lezingane zethu; kanye nomunye umonakalo omkhulu.

## UKUQHUBEKELA PHAMBILI NE-LOADSHEDDING

Ngisho noma abe-ikhonomi bekucacisa kahle ukuthi i-eneji evuselelekayo iyi-eneji efinyelelekayo ngentengo, etholakala ngokuthembekile, enekusasa lokubanga imisebenzi, kodwa abe-DMRE bacikela phansi iplani yezwe ye-elektrisithi (ye-Integrated Resource Plan) ukuphoqelela amalahle angcolisa umoya nemvelo nabizayo, i-nuclear kanye ne-fossil gas.[20]

I-eneji evusulelekayo yindlela yesivinini esikhulu ukukhiqiza i-eneji kanye nokuqeda i-load-shedding - eyisisikazi esikhulu nokuzoba yinto embi kakhulu. Kunalokho abe-DMRE bacikela phansi inqubo ye-eneji evuselelekayo, ngokwala ukufakela amaprojekthi amasha kanye nokusekela labo abafuna ukwenza i-eneji evuselelekayo ngokwabo.[21]

Kunokuba ne-eneji evuselelekayo, abe-DMRE bafuna ukuqhubekela phambili ngamalahle abizayo nangcolisa umoya nemvelo. Baqhubekela phambili nokuthi kwenziwe i-fracking yegesi emiphakathini engenawo amanzi kanye nokufuna ukungcolisa amanzana amancane akhona kuleyo miphakathi. Ivumelna ukukhishwa kwe-oyela negesi kumagu olwandle, ukulimaza imiphakathi eziphilisa ngokudweba izinhlanzi kanye nokwamukela izivakashi.



## UKUPHIKA NGETLAYIMETHI

Ucwaningo oluningi olwenziwe lwesayensi lubonisa ukuthi uma singasebenzisi imvuselelo ngemuva kwe-COVID-19 ukubhekana nokushintsha kwetlayimethi, kanye nokuguqukela kwinqubo ye-eneji evuselelekayo, siyolahlekelwa yithuba lokugcina lokuvimbela ukushisa okungaphezulu komkhawulo ka 1.5°C.[22] Kumele sithathe izinyathelo manje, uma kungenjalo, siyobhekana nengwadla yenkinga ngekusasa.

Kunokuthi iguqukele kwinqubo eluhlaza nenobulungisa, ngemuva kwe-COVID-19, isu leplani yabe-DMRE, lifuna ukuthi kuqhutshekwe ngesivinini sokumba izimayini zama-fossil fuel; ama-greenlight onobunikazi babantu bangaphandle kwezwe; iziteshi ze-power ezibizayo ngemali; utshalomali lwamamiliyoni kumalahle angcolisa umoya nemvelo abizayo ngezimali abawabiza ngokuthi amalahle "ahlanzekile".

Isayense yetlayimethi icacile ngokuthi kumele sisuke kuma-fossil fuel, uma sizokwazi ukuvimbela ingwadla yenkinga ngokushintsha kwetlayimethi. Kodwa abe-DMRE bafuna ukuqhubekala phambili ngokumbiwa kuka-oyela, amalahle, igesi kuyo yonke iNingizimu Afrika – lokhu okuzosifaka kakhulu obishini lwenkinga yokushintsha kwetlayimethi nezixaka-xaka.




## INGUQUKO ENGENABULUNGISWA

Abasebenzi abancike emisebenzini yamalahle kanye nemiphakathi kudala bememezela ukuthi kube nenguquko enobulungisa ukubavikela kanye nokushintshela kwi-eneji evuselelekayo. Kodwa abe-DMRE bomisa amakhanda, abanayo iplani, kanti futhi bafuna ukushiya imiphakathi nabasebenzi begula, bengasekelwe futhi bekwisimo esibucayi kakhulu nokushiyeka budedengu lapho amaplanti amalahle evalwa.[23]

Izinyunyane kanye nemiphakathi nabo kudala bememezela ukuthi kube ne-eneji evuselelekayo ubunikazi bayo obusezandleni zabantu, laphokhona i-eneji evuselelekayo ubunikazi bayo buzoba sezandleni nokuzuzisa imiphakathi nabasebenzi. Kodwa abe-DMRE bayaqhubeka nokwenza i-privatisation ye-eneji nokuqhubeka ne-ajenda yokungcolisa umoya nemvelo, lokhu okulimaza imiphakathi kanye nabasebenzi.

# INKOHLAKALO YE-KARPOWERSHIP

Enye yezinqumo ezimbi nge-eneji ezenziwa yi-DMRE zimayelana ne-powership – okuyimikhumbi ezoma kumagu ama-port ethu ukuhlinzeka nge-eneji ngokubasa ama-fossil gas olwandle. Njengayo le mikhumbi, evela eTurkey, i-fossil gas nayo izobe iqhamuka phesheya kwezilwandle. [24]

Abe-DMRE basebenzise le nkinga ye-loadshedding (okuyinkinga bona abasize ukuyibanga) ukufakela uhlelo lokuthola amakontraki ezinto ngohlelo lwe-procurement ebizwa ngokuthi yi-Risk Mitigation Programme, okuwuhlelo oluhambisana nenkohlakalo yezimali ukuthola le mikhumbi ye-power. Umkhandlu wezeluleko kaMongameli wezomnotho i-Economic Advisory Council, uxwayise ngokulandelayo ngokuthi:


"ombono okhona ngowokuthi imboni ngohlelo ukuthi [Risk Mitigation Programme] lolu hlelo lubonakala luyisixakaxaka kakhulu kanti futhi lubonakala sengathi lwenzelwe kakhulu ukuthi kutholakale imikhumbi ye-power ebiza kakhulu, kanye namaprojekthi egesi ezoguqulwa ukuba yi-power ukukhiphela abanye abaqhudelani ngaphandle ukuze bangangeneli kulolu hlelo lokuvuselelwa kwamaprojekthi e-eneji".

Okuqinisekise inkohlakalo yezimali yalolu hlelo, wukuthi labo abebefuna ukungenela bayise umnyango we-DMRE enkantolo ngenxa yenkohlakalo eyenzekile nesobala.[25] Abe-DMRE benze ukutholakala kwalolu hlelo ngemikhuba yenkohlakalo ngokusontasonta izinto kanye nokuzama ukusiphoqelela kwinqubo yekusasa le-eneji ebiza kakhulu futhi nezongcolisa kakhulu umoya nemvelo.

Imikhumbi ye-power ibiza kakhulu kanti futhi ingcolisa kakhulu umoya nemvelo kangangothi yisu lokugcina elisetshenziswa ngamazwe ahlulekile ukwenza umsebenzi wawo kanye nakumazwe lapho kunezimpi khona, futhi isetshenziswa nje okwesikhashana esifishane. Ukuthi iNingizimu Afrika icabanga ngaleli isu, kukhombisa ukuthi iDMRE iphethwe kabi kangakanani, nokona kwinqubo ye-eneji yethu.

Okubi kakhulu wukuthi i-DMRE isisifake kuleli gibe lekontraki yeminyaka yamashumi amabili, kanti kulinganiselwa ukuthi lelisu layo lizobiza imali elinganiselwa ku-R200bhiliyoni. Leyo mali iyoya phesheya njengoba inkampani yaleli isu yinkampani yase-Turkey, kanti futhi inikezwe ilungelo lokuvikeleka kwizidingo zezwe ze-procurement.

Ake sicabange nje ukuthi kunokuthi kuthathwe u-R200bhiliyoni isiwe phesheya ngemikhuba yenkohlakalo, ukuba besitshale le mali ekwakheni i-sector ye-eneji evuselelekayo yezwe lethu. Lokhu kungaguqula umkhakha we-eneji yethu nokubanga imisebenzi ezinkulungwane kanye namathuba kubantu baseNingizimu Afrika.



## UKUBA NENKANI NGE-ENEJI

Ngisho noma imiphakathi eminingi yaseNingizimu Afrika ingafuni okulimazayo okwenziwa zimayini kanye nokungcoliswa komoya nemvelo, abe-DMRE abakushayi ndiva lokhu, kanti futhi basebenzela ukucikela phansi ilungelo lethu esalithola kanzima lokuthi kwenziwe izimayini kuphela uma imiphakathi ikuvuma lokho. Ebese igcina ngokwesabisa imiphakathi kanye nokuyicindezela uma imiphakathi iphikisana nalokhu kwenza kwe-DMRE.[26]

Ngisho noma abantu abahluphekile baseNingizimu Afrika befuna ukufinyelela kwi-eneji, kodwa i-DMRE inqamule ibhajethi yohlelo lokufakela i-elektrisithi.[27] Kanti futhi yenze ukuthi amamiliyoni ezifudumezi ze-solar, okumele zifakelwe emindenini ehluphekile zibekwe ezindaweni zokuwagcina, zihleli nje khona azifakelwa emizini, lokhu okubanga incithakalo yamamiliyoni ezindleko.

Kunokuthi kubenedimokhrasi ye-eneji, ngokwenza i-eneji ehlanzekile kanye nebandakanya bonke abantu ngokwenza intuthuko eqhubekela phambili, abe-DMRE benza inkani nge-eneji, ngokuqhubekela phambili ngamaprojekthi ezimayini ezimbayo kanye ne-eneji embi, lokhu okuzuzisa idlanzane lezigwili kodwa iningi labantu libe lihlupheka.

**SUBSIDIES AND BAILOUTS FOR POLLUTERS, AUSTERITY AND DISCONNECTION FOR THE POOR**



## UKUGQUGQUZELELA IKUSASA LE-ENEJI ENOBULUNGISWA

Kumele siqede lenqubo engenabulungiswa, exhaphazayo, futhi emunca umnotho emihlabeni yethu, ngendlela engenadimokhrasi, elimazayo, yenkambiso elimazayo yesikhathi sobandlululo esalandelwa abe-DMRE. Esikhundleni salokho, sidinga intuthuko ebeka abantu phambili, engenalo ubandlululo ngokwebala, nobulili, kanti futhi enobulungiswa kwimvelo, futhi neguqula isizwe ukuthi siqhube ngenguquko yedimokhrasi.

Kuzo zonke lezi zizathu nokuningi, i-DMRE iyisihibe esikhulu esivimbela i-Green New Eskom, kanye nekusasa lenhlalisano yabantu nokunakekelwa kwemvelo okunobulungisa. Kungakho, nangaphezu kokuqondisa izinto kwi-Eskom ngokwayo, enye yamathagethi omkhankaso we-Green New Eskom, kumele sithagethe ngqo uNgqongqoshe we-DMRE uMantashe.

NgoSeptemba 2021, abe-Climate Justice Coalition bahlela umbhidlango kazwelonke wokuthagetha i-DMRE. Sizodinga ukuthi kube neningi labantu ukududula lesi sikhungo esizomisa ikhanda nesingenabulungiswa. Sayina ukuthola ulwazi lwakamuva lokusekela umkhankaso we-Green New Eskom.

## MAYELANA NE-CLIMATE JUSTICE COALITION

Abe-Climate Justice Coalition, umbimbi lwezinhlangano zesizwe, izinhlangano eziqubuka emiphakathini, kanye nezinhlangano zezinyunyane. Sisonke sisebenzela ukuqhubela phambili i-ajenda yenqubo elungile enobulungisa yetlayimethi, esebenza ukulwa nenqubo yokungalingani, inhlupheko kanye nokusweleka kwemisebenzi okutholakala eNingizimu Afrika. Sigqugqquzelela umbono wetlayimethi enobulungiswa, eqhubela phambili imvelo, i-eneji, ubulungiswa ngezobulili, ngebala, ngetlayimethi kanye nobulungiswa kwezomnotho. Siyazi ukuthi imbangela enkulu yenkinga yetlayimethi yinqubo yezomnotho engalingani, exhaphaza abantu kanye nokucikela phansi imvelo. Ukuqinisekisa itlayimethi enobulungiswa, kumele sibhekane nesistimu engenabulungiswa kanye nokulwa nokuxhashazwa kwabantu kanye neplanethi kanye-kanye. Sidinga i-ajenda yabasebenzi yobulungiswa kwitlayimethi, ngendlela esebenzela iningi labantu, hhayi idlanzane elincane. Thola okuningi nge-Coalition kanye nemisebenzi yethu ku: ClimateJusticeCoalition.org

## MAYELANA NE: 350AFRICA.ORG

Le phamfulethi ikhishwe ngabe: 350Africa.org, okuyinhlangano engasebenzeli iprofithi yamazwe omhlaba, ukuqeda inkinga yetlayimethi ngokuqeda inqubo ye-fossil fuel eAfrika, kanye nokuletha inguquko enobulungiswa kanye ne-eneji evuselelekayo kubo bonke abantu. Siyingxenye yezigidigidi zabantu abayintshukumo yamazwe omhlaba ukuqeda inkinga yetlayimethi nekhankasa nezinhlangano eziqubuka emiphakathini kanye nokugqugquzelela ukubamba iqhaza kweningi labantu. Ukushintsha kwetlayimethi kuzochaphazela i-Afrika ngezindlela ezimbi kakhulu, ngakho-ke lo mkhankaso umayelana nobulungiswa kwitlayimethi. Abantu abaningi abahlupheke kakhulu e-Afrika, ikakhulukazi abesimame kanye nezingane, babhekene nezomiso, izikhukhula kanye nezimo zezulu ezimbi kakhulu, ezisikaza izimpilo zabantu kanye nendlela abantu abaziphilisa ngayo, kanti lokhu kubangela nokuthi amanani ezintengo zokudla abe phezulu kakhulu. Sikholelwa ukuthi izinhlangano zemiphakathi zingaqikelela ukuthi abaholi benze ubulungisa futhi bachaze imisebenzi yabo ngokulandela okushiwo yisayense kanye nezimiso ezinhle zenqubo yobulungiswa kwitlayimethi. Thola ulwazi oluningi ku: 350Africa.org

# UHLA LWABASEKELI BOMKHANKASO WE-GREEN NEW ESKOM (I-ESKOM ENTSHA ELUHLAZA)

350Africa.org
African Climate Alliance
African Climate Reality Project
Alternative Information and Development Centre
Amnesty International SA
Bloemhof Electrical
Bokamoso Anti-Bullying
Youth Support and Home Based Care Organisation
Botshabelo Unemployed Movement
Centre for Applied Legal Studies
Centre for Environmental Rights
Climates Africa
Designers Medium
Earth Life
Extinction Rebellion South Africa
Fund our Future
Foundation for Youth Empowerment and Advocacy
General Industrial Workers Union of South Africa
Global Catholic Climate Movement - Africa
groundWork
Keep Left
Lawyers for Human Rights
Lite Productions
M2M Monitoring
Mining Affected Communities United In Action
Makause Community Development Forum
Middleburg Environmental Justice Network
Newcastle Environmental Justice Alliance
Nu Climate Vision
Planet Huggers
Progress Nature Conservation Ranger Organisation
Project 90 by 2030
Rejuvenate Youth Development
Réseau des Associations pour la Protection de l'Environnement et la Nature (RAPEN)
Right 2 Know
Section 27
Sekhukhune Environmental Justice Network
Soweto Action Committee
Software Colours
South African Federation of Trade Unions
South African Youth Centre for Climate Change
Soweto Electricity Crisis Committee
Unemployed Peoples Movement
United Front - Gauteng
Vaal Environmental Justice Alliance
Waterberg Women Advocacy Organization
Westside Park Community Crisis Committee
Whole Earth Building Foundation
Women Affected By Mining United in Action
Women's Leadership and Training Program
WoMiN

# Imibuzo evamise ukubuzwa:

## Kungani kumele kusindiswe i-Eskom?

Iningi labantu lizizwa sengathi lingavele lithi, asiyiyeke i-Eskom ife. Ngeke sakwenza lokho, ngoba izikweledu ze-Eskom zikweledu zikazwelonke, kanti lokhu kusho ukuthi kumele sixazulule le nkinga, uma kungenjalo, sizobasobishini lwengwadla yenkinga yezikweledu. Nangaphezu kwalokho, ngisho noma abanye bengakwazi ukuthi bangencike kwi-grid kazwelonke, bazenzele eyabo i-eneji, iningi labantu baseNingizimu Afrika, lisancike kakhulu kwi-Eskom ukuthola i-eneji, futhi lokhu kusazoqhubeka isikhathi eside nangekusasa.

## Ngabe siyikhokhela kanjani i-Green New Eskom?

Iqiniso elimsulwa wukuthi kubiza kakhulu ukuqhubeka nenqubo ye-eneji yamanje yamalahle engcolisa umoya nemvelo. I-eneji evuselelekayo ibiza kancane ngezimali kunamalahle, ngakho-ke singalondoloza imali uma singagudluka kule nqubo yamanje.[28] Nangaphezu kwalokho, uma singalwa nokuqeda inkohlakalo kwezezimali e-Eskom, singalondoloza amabhiliyoni amaningi amarandi, kanti lezi zimali zingasetshenziswa ukuqala inguquko enobulungiswa. Ngaso lesi sikhathi, i-Eskom isobishini lwezikweledu, kanti ifunana nezindlela zobuqambi obusha bokuthola izimali zokukhokhela inguquko enobulungiswa. Ukuthola ulwazi oluningi ngokwenzekayo ngenguquko enobulungiswa, kanye nezinto ezikhathazayo ngokuthi ingasebenza kanjani, vakashela ku: http://bit.ly/350JTTanalysis

## Yini engalungile nge-privatisation?

Ngisho noma umkhakha wamabhizinisi angasese enendima okumele uyidlale kwizinguquko, inkinga wukuthi lapho i-sector ye-eneji yonganyelwe kakhulu yizinkampani ezinkulu, lezi zinkampani zithumela amaprofithi azo emazweni aphesheya. Kwamanye amazwe kunemikhawulo ebekwayo ngokuthi yi-eneji engakanani ubunikazi bayo obungaba sezandleni zezinkampani ezinkulu ezeqa imingcele, kanti kukhona imigomo ebekiwe yokwenza ukuthi ubunikazi be-eneji bubesezandleni zabantu.

## Ngabe yini ukwenza ukuthi ubunikazi be-eneji bubesezandleni zabantu?

Ubunikazi be-eneji esezandleni zabantu kwenzeka ngezindlela ezehlukene, lapho khona abasebenzi bebangabanikazi be-eneji, ama-cooperative, imiphakathi, izakhamizi, omasipala, kanye nohulumeni, kanye nezinhlangano zikahulumeni ezifana ne-Eskom. Inhloso yobunikazi obusezandleni zabantu, wukuthi izinzuzo ze-eneji ziye kubantu kunokuthi ziye ezinkampanini ezinkulu zamazwe aphesheya.

## Kuthiwani nge-nuclear?

I-power ye-nuclear ikhafula ikhabhoni engcolisa umoya nemvelo kancane uma kuqhathaniswa namalahle kanye negesi yama-fossil. Kungakho iningi labantu lingavumelani nokuvalwa kwe-nuclear, uma kuzomele isikhundla sayo sithathwe ngama-fossil fuel. Kodwa, i-nuclear entsa ayibangi imisebenzi, kanti futhi ingcolisa umoya nemvelo, ibiza kakhulu, kanti futhi kuthatha isikhathi eside ukwakhiwa kwayo kunokusebenzisa inqubo evuselelekayo. Kungakho nje, i-nuclear ayenzi umqondo uma kuqhathaniswa nenqubo evuselelekayo.[29]

## Kuthiwani ngamalahle "ahlanzekile"?

Ayikho into okuthiwa ngamalahle ahlanzekile. Kukhona amatheknoloji enza ukuthi amalahle angangcolisi kakhulu umoya nemvelo, kodwa asawungcolisa umoya nemvelo. Lawo matheknoloji enza nokuthi amalahle abize kakhulu. Kanti i-eneji evuselelekayo isibiza kancane uma kuqhathaniswa namalahle, ukwakha isiteshi se-power yamalahle esisha kubiza kakhulu uma kungezelwa netheknoloji, kanti futhi lokhu akwenzi umqondo kwezomnotho kanye nokugcineka kwemvelo.[30]

## Ngabe igesi akusona isixazululo?

Kuya ngokuthi kukhulunywa ngayiphi igesi. Kuwumqondo ozwakalayo ukubanga igesi eluhlaza ye-hydrogen ngokusebenzisa i-eneji evuselelekayo kanye namanzi. Lokho sivumelana nakho kanye nezinye izindlela zegesi eluhlaza. Kodwa i-fossil gas ngendlela ye-methane, yenhlobo ekhishwa ngaphansi komhlaba ngendlela ye-fracking, ingcolisa kakhulu umoya nemvelo, kanti futhi ibiza kakhulu ngokwezimali uma iqhathaniswa ne-eneji evuselelekayo.[31] Njengoba umbiko we-UN Climate Report uxwayisa, "expanding the use of natural gas is incompatible with keeping global warming to 1.5 degrees Celsius, a goal of the international Paris Agreement." (ukuqhubeka nokusebenzisa igesi yemvelo akuhambisani nokuphungula ukushisa ngezinga lika 1,5 degree Celsius, okuyinhloso okwavunyelwana ngayo kwisivumelwana samazwe omhlaba sase-Paris) [32] Ngakho-ke, noma igesi idingeka ukusiza ukubhalansa i-grid ukwenza izinto ezivuselelekayo, kudinga ukuthi siqede amagesi ambiwayo ama-fossil gas, kanti kunalokho sisebenzise izindlela ezivuselelekayo kanye nemithombo yegesi eluhlaza.

## Ngabe isistimu ye-eneji evuselelekayo ngethembekile?

Abanye abaphikisana nombono we-eneji evuselelekayo bathi wukuthi ngeke yahlinzeka nge-power ethembekile nehlala ikhona kwi-grid. Kodwa, ubufakazi obubambekayo nobukhona kanye nocwaningo olwenziwe, kukhombisa ukuthi kube nenqubekelaphambili nge-eneji evuselelekayo, i-grid, kanye namatheknoloji okugcina i-eneji, kwenza ukuthi amasistimu e-eneji evuselelekayo asengathembekile nahlala ekhona kune-eneji yakudala yamalahle, ikakhulukazi inqubo ye-power yamalahle esinayo okwamanje eNingizimu Afrika. [33]

## Ngabe i-eneji evuselelekayo ngeke yaba nomphumela omubi kwimvelo?

Ukukhiqiza amaphaneli e-solar, ama-turbine omoya kanye namabhethri kunawo umphumela omncane kwimvelo. Ngakho-ke kumele siqinisekise kuthi siphungula le miphumela emibi, siqinisekise ukuthi kuba nenqubo elungile kumasaplayi, kanye nokuqikelela izindlela zokusebenza ngendlela eyongayo nesebenza kahle ukuphungula ukudingeka kwe-eneji. Kanti futhi kumele sicophelele ngezinye izindlela ze-eneji evuselelekayo ezifana nama-hydro nama-biomas, ngoba lezi zinto zinomphumela omubi kwimvelo ukudlula ama-solar, umoya, ama-geothermal kanye nama-tidal. Kodwa amafuweli ambiwayo ama-fossil fuel afana namalahle, u-oyela kanye negesi khona kunomphumela olimaza kakhulu ngokweqile uma kuqhathaniswa ne-eneji evuselelekayo. Ngakho-ke kumele siguquke ngempela ekusebenziseni amafyuweli ambiwayo ama-fossil fuel, siye kwi-eneji evuselelekayo ngokushesha ngendlela okungakhonakala ngayo ukuphungula imiphumela emibi yamafyuweli ambiwayo ama-fossil fuel. [34]

# Amareferense:


1. The Case for Turning South Africa's Coal Fields into a Renewable Energy Hub https://renewafrica.biz/2021/04/15/the-case-for-turning-south-africas-coal-fields-into-a-renewable-energy-hub/
2. Ukuthola okuningi ngomkhankaso wokubangwa kwemisebenzi engamamiliyoni i-One Million Climate Jobs Campaign vakashela i: http://aidc.org.za/programmes/million-climate-jobs-campaign/about/
3. *Cancel Eskom's odious debt to the World Bank*, by Jonathan Cannard, Mail & Guardian, https://mg.co.za/article/2019-08-19-00-cancel-eskoms-odious-debt-to-the-world-bank/
4. For more about the Deadly Air Case Visit: https://lifeaftercoal.org.za/about/deadly-air
5. Ukuthola ulwazi oluninge nge-Green New Deal yeNingizimu Afrika, funda i-:

   *The Cry of the Xcluded: We want a radical new deal that provides three million jobs, Daily Maverick, 2020/05/13* https://www.dailymaverick.co.za/article/2020-05-13-the-cry-of-the-xcluded-we-want-a-radical-new-deal-that-provides-three-million-jobs/~

   *To recover from COVID-19, South Africa needs "Green New Deal",* Jennifer Wells & Alex Lenferna, Daily Maverick https://www.dailymaverick.co.za/article/2020-04-24-to-recover-from-covid-19-sa-needs-green-new-deal/
6. Imibiko eminingi kanye nocwaningo kukhombisa ukuthi i-eneji evuselelekayo inekusasa elibandakanya abantu, futhi ngefinyelelekayo ngenkokhelo, kanti futhi izobanga nemisebenzi ngendlela ethembekile ukuqinisekisa i-eneji kubo bonke abantu eNingizimu Afrika. Ezinye izibonelo zibandakanya lokhu:

   Ucwaningo olwenziwe ngabe-University of Cape Town's Energy Research Centre lutholakala lapha: https://www.climate-transparency.org/media/socio-economic-considerations-for-a-paris-agreement-compatible-coal-transition-in-south-africa

   Economic modelling by LUT University in Finland https://www.researchgate.net/publication/335881841_Pathway_towards_achieving_100_renewable_electricity_by_2050_for_South_Africa

   Studies by the Centre for Scientific and Industrial Research and Meridian Economics: https://www.engineeringnews.co.za/article/a-more-ambitious-renewables-roll-out-would-have-major-benefits-for-south-africa-new-study-shows-2020-07-16

   Research by Trade and Industrial Policy Strategies: https://www.tips.org.za/policy-briefs/item/3804-a-case-for-renewable-energy-in-south-africa-s-post-lockdown-economic-recovery-stimulus-package
7. *IViet Nam ifakele iziteshi ze-solar ezilinganiselwa iziteshi zamalahle ezingu 6 ngonyaka. Douglas Broo in the World Economic Forum online,* https://www.weforum.org/agenda/2021/02/viet-nam-solar-power-surge/
8. *Remaking our Energy Future: Towards a Just Energy Transition for South Africa,* by Project 90 by 2030. https://90by2030.org.za/wp-content/uploads/2020/03/Remaking-our-Energy-Future.pdf
9. Eskom Transformed Report, by Eskom Research Reference Group, 2020 https://aidc.org.za/eskom-transformed-full-report/
10. *A Just Transition – our position,* by 350Africa.org, https://350africa.org/just-transition-a-position-paper/
11. *Nazi izindleko ze-Eskom zeziteshi ze-power zeMedupi neKusile kwi-*MyBroadBand: https://mybroadband.co.za/news/energy/318251-here-is-the-true-cost-of-eskoms-medupi-and-kusile-power-stations.html
12. *Eskom electricity prices – 1994 to 2020* by Hanno Labuschagne, https://mybroadband.co.za/news/energy/362660-eskom-electricity-prices-1994-to-2020.html
13. *Free Basic Electricity: A Better Life for All.* Earthlife Africa Report Written by Ferrial Adam, 2010 https://earthlife.org.za/wp-content/uploads/2020/11/Free-Basic-Electricity-Final-Low-res.pdf

PARI Report: Broken Promises – Electricity Access for low-income households, 2021
https://pari.org.za/broken-promises-good-intentions-bad-trade-offs-and-unintended-consequences/

14. IPCC Special Report on 1.5°C, 2018, https://www.ipcc.ch/sr15/

15. Ukuthola ulwazi olungezelelekile ngokukhathazayo i 350Africa.org iphakamisa inguquko yobulungisa kwi-Eskom, vakashela ku: https://350africa.org/350africa-org-reaction-to-proposed-just-transition-transaction/

16. Climate Action Tracker ranks South Africa' fair share of climate action.
https://climateactiontracker.org/countries/south-africa/

17. Orsted: How we build a world that runs on renewable energy
https://orsted.com/en/about-us/about-orsted/powering-the-world-with-green-energy

18. Africa Climate Alliance – Climate Strike Report March 15, 2019
https://africanclimatealliance.org/hello-world/

19. Coal is not the answer to the COVID-recession, *Forbes, Mike Scott, April 17 2020*,
https://www.forbes.com/sites/mikescott/2020/04/17/the-coming-covid-19-recession-should-be-no-excuse-for-clinging-to-coal/

20. Eskom Makes a Leap into the Future on Climate Change, *Business Day, 2021/02/16*
https://www.businesslive.co.za/bd/opinion/2021-02-16-eskom-makes-a-leap-into-the-future-on-climate-change/

21. Why South Africa's electricity blackouts are set to continue for the next five years, Hartmut Winkler, *The Conversation, 2021/03/30* https://theconversation.com/why-south-africas-electricity-blackouts-are-set-to-continue-for-the-next-five-years-155233

22. *New research suggests 1.5C climate target will be out of reach without greener COVID-19 recovery plans*, H. Damon Matthews & Kasia Tokarska, *The Conversation, 2021/01/18*
https://theconversation.com/new-research-suggests-1-5c-climate-target-will-be-out-of-reach-without-greener-covid-19-recovery-plans-151527

23. *Mantashe's dangerous energy agenda is from the Trump playbook,* by Alex Lenferna, Mail & Guardian
https://mg.co.za/article/2019-10-16-00-mantashes-dangerous-energy-agenda-is-from-the-trump-playbook/

24. Gwede Mantashe condemns us to deepening load shedding, *Daily Maverick 23/03/2021*
https://www.dailymaverick.co.za/article/2021-03-23-gwede-mantashe-condemns-us-to-deepening-load-shedding/

25. SA energy mafia? Accusations against Gwede Mantashe are serious and could hurt entire South Africa https://www.dailymaverick.co.za/article/2021-05-02-sa-energy-mafia-accusations-against-gwede-mantashe-are-serious-and-could-hurt-entire-south-africa/

26. '*Still no right to free, prior, and informed consent in South Africa*' by Mining Affected Communities United in Action,
https://macua.org.za/2020/10/02/a-decisive-break-from-the-past-still-no-right-to-free-prior-and-informed-consent-for-mining-affected-communities-in-south-africa/

27. *Mantashe takes from the poor to pollute some more*, by Alex Lenferna, *New Frame, 2020/08/24*,
https://www.newframe.com/mantashe-takes-from-the-poor-to-pollute-some-more/

28. Bheka ku-endnote 4 ukuthola olunye ulwazi lokuthi kungani ukuguqukela kwi-eneji evuselelekayo kungongela iNingizimu Afrika.

29. Ucwaningo oluningi olwenziwe olutholakala kwi-endnote 4 lukhombisa ukuthi i-nuclear ibiza kakhulu ngokweqile nokuyisihibe eNingizimu Afrika.

30. *The Myth of "Clean Coal": Why Coal Can Only Ever Be Dirty,* by the Centre for Environmental Rights. 2019,
https://cer.org.za/reports/the-myth-of-clean-coal

31. *Why natural gas is dangerous for the climate, Global Witness, 2021*
https://www.globalwitness.org/en/campaigns/fossil-gas/why-natural-gas-is-dangerous-for-the-climate/

32. *Halting the Vast Release of Methane Is Critical for Climate, U.N. Says*
https://www.nytimes.com/2021/04/24/climate/methane-leaks-united-nations.html

33. Study: Batteries, solar and wind can easily maintain grid security as coal retires
https://reneweconomy.com.au/batteries-solar-and-wind-can-easily-maintain-grid-security-as-coal-retires/

34. Does 'green energy' have hidden health and environmental costs? *The Conversation*
https://theconversation.com/does-green-energy-have-hidden-health-and-environmental-costs-52484

